**UMNYANGO WEMFUNDO WASEGAUTENG**

**UKUHLOLWA KWEBANGA LESHUMI NAMBILI**

**ISIZULU ULIMI LWESIBILI**
**IZINGA ELIPHEZULU**
**(Iphepha Lesibili)**

# ISIGABA A
## IZINKONDLO

## UMBUZO 1

Imvubelo – A.M. Maphumulo

1.1 Isitshela ngeqhawe elibalulekile esizweni sakithi. (2)

1.2 Ukudumala / ukujabha. (2)

1.3 Ngibona lolu phahlakazi olukugqolozele. (2)

1.4 Ngishaywa uvalo ngezifiso ezingafezekanga,
Ngilahlekelwa yithemba ngentshisekelo yekusasa, (2)

1.5.1 Seswele amandla mntakaNdaba ngasibonga,
Seswele imilomo mntakaSenzangakhona ngasiyathopha, (1)

1.5.2 Sibonga inkuthalo yobunye owayihlwanyelayo,
Sibonga ubuntu nobumbano owalwakhayo, (1)

1.6.1 Nginamahloni okukubheka, ngokwehluleka ngiyisehluleki,
Izifiso zekusasa zihlanekezelekile zehluleka.
Izilokotho ngoZulu zehlulekile zehluka. (2)

1.7 Kutuswa izenzo zobuqhawe zenkosi uShaka. Uyena owabumba isizwe samaZulu, noma kungafezekanga konke ubonga uShaka ngenkuthalo yakhe, ubumbano, ukuhlonishwa, izifiso zekusasa zihlanekezelekile zehluleka. 1x6=(6)

1.8 Umuntu ophethe abantu futhi onegunya eliphakeme kubo. (2)
**[20]**

1.9 Ngemfundo. Ngoba wadela injabulo efuna ukuzuza iziqu ngenxa yemfundo. (3)

1.10 Ukwethweswa kweminyezane noma ukuthola iziqu. (2)

1.11 Ukulala kancane uvuke noma ukozela okwesikhashana uphinde uphaphame. (2)

1.12 ukuziqhenya ukuhlupheka okwesikhashana uzincisha izinto ngenhloso yokwenza okuthile. (2)

1.13 Inamabinza amathathu.
Ibinza lokuqala nelesibili linemigqa eyi-7.
Ibinza lesithathu linemigqa eyi-8.
Ibinza lokuqala lonke linemigqa evalekile injambamenti itholakala ebinzeni 3 umugqa 6 no 7.
Eminye imigqa inamagama amabili, amathathu, amahlanu.
Amabinza amabili wokuqala anemigqa eyisikhombisa elokugcina linesishiyagalombili. (5)

1.14 Ikhuthaza abantu abasafunda nabasakhula ukuba bafunde bazimisele.
Baphumelele ezifundweni zabo.
Bangakhohlwa ukusiza abancane abeza ngemuva kwabo.
Nabo baphumelele njengabo. 1x4=(4)

1.15 Ezinyathelweni ...
Ezisalima ... → Imvumelwano siqalo (2)
**[20]**

**IMIKLOMELO YESIGABA A: [40]**

**ISIGABA B**
**UMDLALO**

**UMBUZO 2**

Ngiwafunge amabomvu – L. Molefe

2.1 Inyanga yenkosi / nokubonisana nayo ngezinto eziphathele nezwe. (2)

2.2 UThulisile. (1)

2.3 EkaZaba. (1)

2.4 Ivele ngesikhathi uThulisile ekhombisa inkani edelela iNkosi. (2)

Ekhombisa nokuthi akayifuni ayitshela kwezikabhoqo. (2)

2.5 Ukufaka ubuhlalu eqakaleni. (1)

2.6 Wayemfakela umandangaphakathi ekudleni. Wathakatha nelawu ukuthi uThulisile azibone esevuka elawini engabonanga ukuthi ulale khona kanjani. (4)

2.7 Le ndaba incike esikhathini sakudala lapho kwakubusa khona amakhosi wayengekho onelungelo lokuphikisa inkosi owayetholakala ekwenza lokho wayesiwa kwagoqanyawo.

- Isikhathi lapho kusakholelwa emithini
- Isikhathi sokukholelwa emasikweni athile njengokunquywa kukacikicane.
- Yisikhathi lapho uma kwenzekile kwatholakala amawele elinye lalendiswa.
- Amacala ayequlelwa esigcawini. (5)

2.8 Ukuhwaqabala. (2)
**[20]**

2.9 Odelelayo / Ochwensayo. (2)

2.10 Yebo.
Akamyeki esekhethwe yinkosi.
Uqhubeka nokuthandana naye aze amkhulelise ingane okungesiyona eyenkosi.
Utshela inkosi kwezikabhoqo ukuthi ayijezise yena kuphela iyekele abantu abangenacala. (4)

2.11 Yayingumlomo ongathethi manga owayephikisa inkosi wayebulawa. (2)

2.12 Nokufa. (1)

2.13 UMgidi. (1)

2.14 Ukudlala ngegeja kuziliwe / Isibindi sokwenza noma yini eyingozi. (2)

2.15 UMgidi azange abulale muntu njengoba kwakulindelekile.
UZaba waba yinceku yenkosi.
Wamakhela indlu enhle kanye nenkosikazi yakhe.
Uyise uMsanka waba yinsila yenkosi.
Inkosi yathatha uKhonzeni yamenza undlukulu wayo.
NoNokufika wayezokhuselwa ebukhosini wayengeke ahlushwe muntu wayekwenza konke lokhu ngokubona uthando lweqiniso.
(6)

2.16 uKhonzeni noNokufika. (2)
**[20]**

**IMIKLOMELO YESIGABA B: [40]**

# ISIGABA C
## INOVELI

## UMBUZO 3

Isigcawu Senkantolo – M. Masondo.

3.1 UMhlobo Mvubu noMagwegwe Buthelezi. (2)

3.2 Zazifune R1 500 (inkulungwane namakhulu amahlanu. (1)

3.3.1
- Yayiyofakwa ethinini elibomvu likadilinki,
- yayiyofakwa ibe ngamashumi amabili kanye namashumi amarandi bese kuthi ishumi lamarandi kube imali eyehlukene yesiliva. (2)

3.3.2
- Incwadi yemvalamlomo yayizofakwa ethinini ukuze umkhondo womshini obhale incwadi ungatholakali.
- Balindelele ucingo olwaluzosho ukuthi isiwe kuphi ngasikhathi sini futhi kanjani. (2)

3.4 Wacela uVika Kubheka ukuba amphelekezele bayobona umakhwapheni wakhe ehlathini besemcimbini othile.

- Bathi uma befika ehlathini uZikode watshela uVika ukuthi akalibheke aligcine ngoba babethola imali elinganayo enkampanini uVika angakhokhanga lutho.
- UVika wazikhalela ngokuthi noZikode wayengenalo ulwazi lomsebenzi
- UZikode wathukuthela wathelwa ngamanzi wathi akathandaze okokugcina ngoba useyamdubula.
- Kwathi kusenjalo uKubheka wagxuma wathatha isibhamu kuZikode ngokuphazima kweso sabuyela ngakuye.
- Wadubula uZikode wafa.
- UKubheka walahla umkhondo wokubulala uZikode ngokuyothatha isidumbu emoshali esithintisa umzimba wakhe, isibhamu kanye nesitelingi semoto esizwa unogada waseMoshali (okuhlanu). (5)

3.5 Kwezakala ukuthi uDuduzile wayezoshada noThulani Hadebe owayewumshana kaZikode owayebulewe uyise uVika Kubheka.

- UMagwegwe Buthelezi waya kuMhlobo Mvubu wayomxoxela ngalolu daba lokufa kukaZikode.
- Basungula isu lokufuna imvalamlomo kuZethu nakuDuduzile Kubheka. (2)

3.6
- Nangempela babezimisele ukukhokha le mali ngoba bezama ukufihla ihlazo likaVika njengesikhulu.
- Futhi babengazwani namacala. (2)

3.7 U R3 000 – Izinkulungwane ezintathu zamarandi. (1)
Wayexabanisa lezi zigebengu. (2)

3.8 ENcadu edamini. (1)
**[20]**

3.9 UNgubane wacela ukuba kukhuthuzwe uMagwegwe imali Bese kuthi imali etholakale emakhikhini akhe iqhathaniswe nezinombolo zohlu lwakhe. (2)

3.10 Ummeli kaHulumeni. (1)

3.11 Ummeli wamacala obugebengu. (1)

3.12 Unesibindi. (1)
Unobuhlakani. (1)

3.13 Akukho okufihlakele okungayukuvela. / Ayikho mpunga yehlathi. (2)

3.14 Wayengunogada emakhazeni kaHulumeni. (1)

3.15 Ukubaleka kukaMagwegwe kwatshengisa ukuthi wayeyiphethe le mali ngakho uNgubane ujatshuliswa wukuthi usezolinqoba leli cala. (2)

3.16 uMhlobo Mvubu. (1)

3.17
- Kwakufanele kuboshwe uZethu Kubheka ngoba kucatshangwa ukuthi uyena umbulali. (1)
- Ekugcineni kuyatholakala ukuthi uMhlobo Mvubu wayebulewe uMagwegwe Buthelezi hhayi uZethu. (1)

3.18 Yenzeka enkantolo. (1)

3.19 Babezitshele ukuthi kwakuzogwetshwa inkosikazi yesiqumama esidumile uVika Kubheka. (2)

3.20 UMenzi Zondo no Zenzele Masondo. (2)

3.21 Ekhuluma ngobugebengu. (1)
**[20]**

**IMIKLOMELO YESIGABA C: [40]**

## ISIGABA D
## UBUCIKO BOMLOMO

### UMBUZO 4

Inkosi yinkosi ngabantu – C.T. Msimang

4.1 Ziyafundisa, ziqeda isizungu, ziyayala, ziqoqa izingane zingabi uvanzi ngesikhathi sakusihlwa. (1)

4.2 Inganekwane. (1)

4.3 Impisi nethambo. (1)

4.4 Amazimuzimu, ezohlakanyane, ochakijana, onogwaja, izimfudu, amatshe, izihlahla. (okune) (4)

4.5 Kusihlwa. (1)
Kwakunenkolelo yokuthi labo abazixoxa emini bayomila izimpondo. (2)

4.6 Ziyaxwayisa / ziyayala / ziyasongela / ziyafundisa. (okuthathu). (3)

4.7.1 <u>Umzekeliso</u>
ukhuluma ngokuxabana
ukulwa
ukwehlulwa
ukunqoba
ufuduko
ukukhuluma kwezilwane (okuthathu kwalokhu). (3)

<u>Inganeko</u>
ikhuluma ngokudabuka kwezinto zemvelo
uMvelingqangi nabantu bakhe (abalingiswa)
inkolo
inkolelo. (okuthathu). (3)

4.7.2 Amaqili. (1)
**[20]**

4.8 Yigama likakhokho othile ohlotsheni lolo. (2)

4.9 Babenezinkomo eziningi noma bafuye izinkomo eziningi. (2)

4.10 Ukwenza uthango ngamagatsha emithi lokho kwenziwa abantu abampofu. (2)

4.11 Nina bakwaNkom' isengelwa emaweni, Ingasengelw' esibayeni akuyona eyakhona. (2)

4.12 UNdaba. (1)

4.13 UShaka, Cetshwayo / uMpande namanye. (1)

4.14 Sibiya-Sotobe / Khathi / Mgxebe / Gumede / Ndaba.
Zwane-Mangethe / Lindakamkhonto.
Buthelezi-Shenge / Sowalisa / Phungashe.
Ngcobo-Fuze / Mapholoba.
Mchunu-Macingwane / Nyanda / Phakade. (5)

4.15 Ziyizinkondlo zokutusa. (2)

4.16 Isigaba sinemigqa eyishumi nane.
- Imvumelwano-sigcino emgqeni 6 – 7
  Mkhananda owafinyelela kubalondolo<u>zi</u>
  Wemuka noGodokazi way'eMfolo<u>zi</u>
- Ukuxhumanisa sigcino emgqeni 9 – 10
  Okwaphekwa <u>esendlini</u>
  Kwaze kwephula <u>esendlini</u> (3)

**[20]**

**IMIKLOMELO YESIGABA D: [40]**

## ISIGABA E
### IZINDABA EZIMFISHANE

### UMBUZO 5

Umlabalaba – O.E.H. Nxumalo

5.1 Impimpi N.G. Sibiya. (2)

5.2 UKhumbulani. Ngoba ekugcineni utshela uMphemba ngakwenzile ukufaka isiqophamazwi esikhwamani sika Xolani. (3)

5.3 Ukuzwa igama lempimpi. (2)

5.4.1 USokhele. (1)

5.4.2 UKhumbulani. (1)

5.4.3 UXolani Makhanya. (1)

5.4.4 UMphemba. (1)

5.5 Yebo, le ndaba yonke ikhuluma ngempimpi kuze kufike ekugcineni sekubulawa uXolani ngoba kusolwa ukuthi wuyena impimpi. (3)

5.6.1 Wayengazwani nezinto zomshosha phansi. (2)

5.6.2 Wayenomqondo ohluzekile / okhaliphile. (2)

5.7 Akulungile ukuthathela umthetho ezandleni zakho ngento onganasiqiniseko sayo. (2)

**[20]**

5.8 UBiyela. (1)

5.9 Ukubulawa ngesihluku kwendodana yalo uDaluxolo. (2)

5.10 Ukubheka phansi isikhathi eside ungachezuki. (2)

5.11 UMaMdunge. (1)

5.12 Wayezohamba ngebhanoyi aye eKapa. Kwathi uma efika esikhumulweni sezindiza kwatholakala ukuthi kwakunamaphepha ayewashiye ekhaya. Kwathi uma engena ekameleni labo lokulala wazithela phezu kweshende LikaMaMdunge.
Lamdubula ishende leli washonela khona lapho. (4)

5.13 Lalikhala. (1)
Libalisa. (1)

5.14.1 Ukuvezwa kwabalingiswa
Umlingiswa oqavile uBiyela.
Inkinga yakhe eyokubulawa kwendodana yakhe ngumuntu ongaziwa.
Abalingiswa abevile kwabayisihlanu.

5.14.2 Ukuqoqeka kwesikhathi.
Le ndaba yenzeka ngelanga elilodwa isikhashana nje uDaluxolo ezolanda amaphepha ayewakhohliwe.

5.14.3 Ukuqoqeka kwendawo.
Le ndaba yenzeka ekamelweni likaMaMdunge nomyeni wakhe.

5.14.4 Isiphetho
UMaMdunge wadliwa unembeza wafuna ukuyovula isifuba sakhe kuyisezala uBiyela. (8)
**[20]**

**IMIKLOMELO YESIGABA E: [40]**

**IMIKLOMELO ISIYONKE: 80**